



# Cambridge IGCSE™

---

**ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE**

**0531/02**

Paper 2 Listening

**October/November 2022**

TRANSCRIPT

**Approximately 35–45 minutes**

---

---

This document has **10** pages. Any blank pages are indicated.

**English voice:**

Cambridge Assessment International Education

Cambridge IGCSE

November 2022 examination in isiZulu as a Second Language

Paper 2 Listening

Turn over now.

PAUSE 00'10"

**Female isiZulu voice:****Umsebenzi 1**

Lalela le nkulumo yomphathi wehhotela yokwamukela abaqeqeshwayo abasha.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele kwithebula ukukhombisa ukuthi yiqiniso noma akusilo iqiniso.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

PAUSE 01'00"

\* Signal: bell

**Male isiZulu voice:**

Manje, ake ngisho ukuthi ngijabule kanjani ukunibona nonke nilapha, njengamalungu ethu amasha ezisebenzi ezinyangeni eziyi-6 ezizayo. Abanye benu bangabaqeqeshi bokuphatha, kanti abanye benu balapha ukuzuza ulwazi lomsebenzi njengengxenywe yohlelo lweziqo zenu. Namukelekile nonke, futhi nizoba nethuba eliyinqayizivele lokufunda ngebhizinisi lokwamukela izivakashi ngokusemandleni alo.

Leli lingelinye lamahhotela amadala ezweni, kodwa futhi lingelinye lamahhotela adumile kakhulu. Seliphathwe ngumndeni owodwa iminyaka engama-50, futhi ukwenza kahle kuyisiko lethu. Kunjalo nje, iningi lenu lizosebenza okokuqala esakhiweni esisha esihle kakhulu, esengezwa ngonyaka odlule. Siwuphawu lwendawo, futhi siyaziqhenya ngaso.

Ninenhlanhla yokuthi nibenathi kulesi sikhathi esithule sonyaka. Ninethuba lokufunda okuningi ngaphambi kokuba kuqale isikhathi esimatasa sonyaka, ngoba labo abasebenza ngokugcwele bazoba nesikhathi sokuphendula yonke imibuzo yenu, bachaze nezinto futhi banifake ekhwapheni. Ngicela nilisebenzise ngokugcwele leli thuba futhi nifunde okuningi ngangokunokwenzeka. Maduzane nje kuzoqala isigaba esimatasa bese sisebenza ngokweqile sonke. Lapho-ke abasebenzi abaqashwe ngokuphelele bazolindela ukuthi nivele niqhubeke nomsebenzi, kunokuba nitshelwe ukuthi nenzeni.

PAUSE 00'05"

**Male isiZulu voice (continued):**

Manje, nizosebenza ngokushintshashintsha futhi ungacelwa ukuthi ulekelele kunoma yimiphi iminyango yethu ngesaziso esifushane kakhulu. Abaphathi bamahhotela kufanele bafunde ukuguquguquka nezimo! Njengamanje, ngibeke isibonelo, sinezinkomfa ezimbalwa kunokujwayelekile, ngakho-ke ngeke nidingeke, kepha indawo yokudlela kanye neyokuzivocavoca zingadinga abasebenzi abengeziwe noma kunini. Kodwa-ke, kusenendawo eyodwa lapho nginesiqiniseko sokuthi nonke nizothola ulwazi oluningi, lapho-ke kuseRisepshini. Iningi lezivakashi zethu livela kude ngaphesheya kwemingcele yeNingizimu Afrika, livela kuwo wonke umhlaba empeleni, futhi siyaziqhenya ngendlela abasebenzi bethu, kanye nani futhi enamukela ngayo lezi zivakashi lapho zifika eRisepshini. Ngakho-ke labo kuni abakhuluma izilimi zakwamanye amazwe – futhi ngiyazi ukuthi sinezazi zolimi lapha – bazokhuthazwa ukuthi bazisebenzise kahle.

Ngivumeleni ngininikeze iseluleko esibalulekile. Nonke nizowenza amaphutha. Lungisani amaphutha enu, nixazulule izinkinga futhi nifunde ukuhlangabezana nazo. Kepha khumbulani njalo ukuthi nisebenzisana nezivakashi ezikhokha kakhulu ukuhlala lapha. Uma bengaboni ukumamatheka ebusweni benu, ngeke baphinde babuye ehotela lethu. Khumbulani lokho! \*\*

PAUSE 00'05"

**Female isiZulu voice:**

Uzoyizwa okwesibili le nkulumo.

Repeat from \* to \*\*

PAUSE 00'25"

**Female isiZulu voice:****Umsebenzi 2**

Lalela le ngxoxo lapho owesifazane odumile enquma ukushintsha umsebenzi wakhe.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni kwempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, phakathi kuka A, B, C no D.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

PAUSE 01'00"

\* Signal: bell

**Male isiZulu voice:**

Miriam Sithebe, usuphumelele eminyakeni eyi-10, usebenze kwabanye abasiki bezimfashini abadumile kakhulu, futhi manje uhlela ukuqala emkhakheni ohluke ngokuphelele.

**Female isiZulu voice:**

Kahle hle, ukuba ngumlingisi akwahlukile kakhulu kunalokhu engikwenzayo manje, uyazi. Njengemodeli uma ngiphuma ngigqoke izingubo zemfashini ngizibonisa izethameli, amakhamera, izintatheli kanye nomphakathi. Yize kuliqiniso ukuthi njengomlingisi esiteji ngizodinga amakhono ahlukile futhi kuzodingeka ngicabange kabanzi. Kuyathokozisa ngempela.

**Male isiZulu voice:**

Engabe lokhu yinto obuhlale uyihlela?

**Female isiZulu voice:**

Yebo, ebusheni bami nganginephupho lokuba esiteji. Umama wayengumculi futhi wayenabangani abaningi ababesebenza ethiyetha. Umndeni wami ungikhuthazile, waze wangikhokhela ezifundweni zokulingisa nokudansa. Ubaba wami wayenesiqiniseko sokuthi nginethalente njengomlingisi, nokuthi ngizoba ngusaziwayo. Futhi waphatheka kabi impela lapho ngiya enkampanini yokumodela benginikeza inkontileka yami yokuqala; ngakho-ke ngakhohlwa ngokulingisa okwesikhashana.

PAUSE 00'05"

**Male isiZulu voice:**

Wase uzizwa kanjani lapho uthola leyo nkontileka futhi uqala usebenza?

**Female isiZulu voice:**

Kwadingeka ngishiye ikhaya lami nomndeni wami wonke wawudabukile ekuqaleni ngokungibona ngihamba, kodwa mina ngangindizela phezulu. Ngangijabule kakhulu; angikhokhanga nje yinhlanhla yami. Kodwa-ke babekhathazekile ngazo zonke izingozi eziphathelele nokuthi ngiyohlala edolobheni elikhulu, ngakho-ke kwakudingeka ngifonele ekhaya njalo ebusuku. Lokho kwakuwuhlupho oluncane, kepha ngangingenankinga.

**Male isiZulu voice:**

Manje kungani uthathe isinqumo sokushintsha umkhakha?

**Female isiZulu voice:**

Hhayi-ke, iminyaka eyi-10 ngibe nempilo eyisimanga, ngahamba umhlaba wonke futhi ngaba nenhlanhla yokuthi ngikhokhelwe kahle – mhlawumbe kangcono kunalokhu okungifanele. Kepha ngenkathi ngikhula ngahlangana nohla lwabantu abangajwayelekile, ngazizwa ukuthi ngingenza okuningi – nokuthi nginethalente nekhono ebengingalisebenzisi.

**Male isiZulu voice:**

Hhayi-ke, uzobonakala esiteji eGoli ngenyanga ezayo. Yini elandelayo ngemuva kwalokho?

**Female isiZulu voice:**

O, angazi nje. Njengamanje ngifuna ukuthi indima yami yokuqala emdlalweni wami wokuqala ibe yimpumelelo. Nginikezwe iqhaza kwifilimu ngonyaka ozayo, kepha uma ngikhuluma iqiniso, anginaso isiqiniseko sokuthi ngizoyamukela. Ngiyakuthanda ukulingisa, ngiyajabula esiteji – kodwa angikabi ngumdlali ovelele okwamanje. Kusekhona okuningi okufanele ngikufunde kuqala ngethiyetha, ngaphambi kokuba ngizibize ngomlingisi wangempela. \*\*

PAUSE 00'05"

**Male isiZulu voice:**

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from \* to \*\*

PAUSE 00'25"

**Male isiZulu voice:**

**Umsebenzi 3**

Lalela ingxoxo yendoda yehlathi yaseNdiya nentatheli bese ugqwalisa amanothi alahlekile ezikheleni ezinikiwe **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

PAUSE 01'00"

\* Signal: bell

**Female isiZulu voice:**

Uma uya esifundeni esikude esiseNyakatho-Mpumalanga yeNdiya, uzothola izintaba ezinhle kakhulu nohla lwezilwane zasendle olumangalisayo. Ungathola futhi isidalwa esiyimvelakancane kakhulu: 'INdoda yeHlathi yaseNdiya.' Umlimi othobekile uJaday Payeng oshintshe indawo ekhoneni lakhe lesifundazwe sase-Assam eyedwa, lapho kugelezela khona umfula onamandla iBrahmaputra.

UPayeng uyangiyisa ehlathini lakhe bese sigwedla siwela iBrahmaputra ukuyobona umsebenzi wempilo yakhe: wokuguqula yonke imvelo ngokwenza isihlabathi esikhulu emfuleni sibe isiqhingi esiluhlaza, ngokutshala izihlahla.

Mnumzane Payeng lokhu kuyamangaza – yihlathi elikhulu kakhulu eselivuthiwe. Sekunesikhathi esingakanani wenza lokhu?

**Male isiZulu voice:**

O, iminyaka engaphezulu kwengama-40. Ngiyakhumbula lapho ngisengumfana. Ngangivame ukuza lapha kulesi siqhingi ngizodlala. Bekugcwele isihlabathi, ukungcola kanye nezinkuni zokukhukhuleka. Zazingekho izihlahla, zingekho izitshalo – akukho okwakumile la ngaphandle nje kwamahlumela ambalwa otshani. Utshani obuvela embewini eza ngomfula ivela eChina. Ngicabange ukuthi, lomhlaba uvundile, kungani kukhona nje lobu butshani obuncane obuluhlaza lapha?

**Female isiZulu voice:**

Yini eyenza uqale ukutshala izihlahla?

**Male isiZulu voice:**

Lapho sengimdala, ngolunye usuku ngo-1979, ngahlangana namakhulu ezinyoka ezifile lapha esihlabathini. Zonke zifile ngenxa yamazanga okushisa abilayo, nangenxa yokushoda komthunzi noma ukuvikelwa izihlahla. Ngethuka. Ngacabanga ukuthi nathi bantu singafa ngaleyo ndlela ekushiseni njengalezo zinyoka. Kwangishaya ngaleso sikhathi. Yini engangingayenza? Ngingenza lesi siqhingi sibe luhlaza. Ngakho-ke ngatshala izihlahla – izihlahla zoqalo kuqala, kwase kuba izihlahla zikakotini – zonke izinhlobo zezihlahla.

PAUSE 00'05"

**Female isiZulu voice:**

Wazitshala ngesandla, manje kukhona izihlahla kuze kufike lapho ngibona khona. Kufanele ukuthi kwakungumsebenzi onzima.

**Male isiZulu voice:**

Akunjengoba ngikwenze ngedwa, futhi akunzima njengoba kubonakala, utshala isihlahla esisodwa noma ezimbili, kuthi uma sezikhiqize imbewu, umoya uyakutshalela. Ngisho nezinyoni, uma zidla izinhlamvu, ziyazihambisa zihlwanyele ezinye.

**Female isiZulu voice:**

Eminyakeni edlule, utshale izihlahla ezingaki?

**Male isiZulu voice:**

O, angisakhumbuli. Abahloli boMnyango Wezamahlathi, bafika ngonyaka odlule. Bathe babala ngaphezu kwezi-100 000, kepha babengenaso isikhathi sokuhlala bazibale zonke. Bahamba bejabule. Bathi, 'yisibonelo esihle semvelo yehlathi elinempilo kakhulu'. Ngazizwa ngiziqhenya – ososayensi babiza ihlathi lami njengesibonelo esihle!

**Female isiZulu voice:**

Kufanele ukuthi ligcwele izilwane zasendle...

**Male isiZulu voice:**

O, inqwaba yezilwane zasendle – izinyoni, izinkawu, izinyamazane... Futhi kwesinye isikhathi lapho umfula ungagcwele, izindlovu zasendle ziza zivela kude zizodla ehlathini. Ngisho namathayiga ahlala lapha...

**Female isiZulu voice:**

Amathayiga! Awayona yini ingozi amathayiga?

**Male isiZulu voice:**

Ah, ahlala lapha ngendlela efana neyami. Ngiwezwa ebhonga ebusuku. Ngibona ngendlela enza ngayo amamaki ezihlahleni ngezinzapho, kodwa angikaze ngibone noma elilodwa. Uma nje ihlathi liphilile ligcwele izilwane futhi kunokudla okuningi kwamathayiga. Ngakho-ke awangihluphi.

**Female isiZulu voice:**

UMnumzane Payeng uthole imiklomelo evela kuhulumeni waseNdiya, ngodukathole wehlathi alidalile, manje eliqanjwe ngegama lakhe ngokusemthethweni, ligcwalisa amahektha ayi-1300. Kepha ukuhlonishwa nodumo akunandaba kangako kuye: inhloso yakhe ukwenza isibonelo somehluko ongenziwa umuntu oyedwa kwimvelo. \*\*

PAUSE 00'05"

**Female isiZulu voice:**

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from \* to \*\*

PAUSE 00'25"

**Female isiZulu voice:**

**Umsebenzi 4**

Lalela ingxoxo yempilo yomculi odlalela imali ezitaladini zaseKapa, bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

PAUSE 01'30"

\* Signal: bell

**Male isiZulu voice:**

Ngabe wake wacabanga ukuthi injani impilo yabaculi abadlalela imali ezitaladini zaseKapa?

Ngahlangana noNomandla Plaatjie e-V&A Waterfront ngemuva nje kokuqeda kwakhe ukudlala. Ngesikhathi sakhe sekhefu saxoxa.

Nomandla, ubusebenza lo msebenzi wokuculela imali ezitaladini isikhathi eside, angithi?

**Female isiZulu voice:**

Cishe iminyaka eyi-10. Futhi kushintshe kakhulu. Kwakulula. Ngenkathi ngiqala ubuthola indawo noma ngabe kukuphi la uthanda khona, uthathe isiginci sakho bese uvele uqale ukucula.

**Male isiZulu voice:**

Manje?

**Female isiZulu voice:**

Kufanele ube nemvume, futhi kunemithetho.

**Male isiZulu voice:**

Imithetho? Yokuba umculi odlalela imali ezitaladini?

**Female isiZulu voice:**

Yebo, kodwa eminye yaleyo mithetho mihle kakhulu – kufanele niqhelelane kahle, ukuze kungabi nomunye umculi ocala kakhulu eduze kwakho okuminzisayo. Futhi kunomthetho wokuthi uthola ihora kuphela endaweni eyodwa – kuzwakala kubuhlungu ngoba kufanele usuke, kepha akunjalo. Kumisa abantu ekubambeni izindawo ezinhle usuku lonke.

PAUSE 00'05"

**Male isiZulu voice:**

Manje, uyathanda yini ukudlala lapha eWaterfront?

**Female isiZulu voice:**

Ngezimpelasonto zasehlobo, yebo. Kodwa kuso sonke isikhathi ngingumculi odlalela imali esiteshini. Ngizimisa ngaphandle kweziteshi zikaMetrorail – noma ngaphakathi, uma ngikwazi.

**Male isiZulu voice:**

Ngabe bonke abaculi abadlalela imali ezitaladini bafuna ukucula phakathi kweziteshi?

**Female isiZulu voice:**

Akunjalo – abanye bacabanga ukuthi kunabantu abaningi emigwaqweni noma emamoli, lapho kunezitolo, abantu abasebenzisa imali. Kepha ngithanda ukufika kunesikhathi ngithole indawo enhle emnyango wesiteshi esingaphakathi nendawo. Ngaleyo ndlela kukhona indawo engikhosela kuyo noma yisiphi isimo sezulu. Futhi kusesigodini sebhizinisi, ngakho-ke nginabagibeli abaningi abanemali eningi abadlula ngendlela.

**Male isiZulu voice:**

Ungadlala noma yikuphi kunethiwekhi yesitimela?

**Female isiZulu voice:**

Akunjalo impela. Abanye abantu banyonyobela emapulathifomu badlale lapho. Manje lokho kukunikeza ithuba elihle lokuzibonisa kubagibeli abalinde izitimela, kepha abaphathi besiteshi benza umzamo omkhulu wokumisa abadlali kumapulathifomu ngoba akuphephile.

**Male isiZulu voice:**

Lokho kulungile.

**Female isiZulu voice:**

Futhi kwesinye isikhathi bahlola ukuthi udlala kakhulu kangakanani. Umhlobo wami uDingane wadlala umculo onesigqi esinamandla emhubheni, waxoshwa. Kepha mina anginankinga – nginesiginci sami nje sakudala sokudlala umculo.

**Male isiZulu voice:**

Ngabe wenze kahle kule ntambama? Bekubukeka sengathi abantu bebelalele.

**Female isiZulu voice:**

Yebo. Ufuna abantu bame balalele, uma kungumzuzwana nje.

PAUSE 00'05''

**Male isiZulu voice:**

Noma kunjalo, ngicabanga ukuthi iningi labantu lisendleleni eya endaweni ethile.

**Female isiZulu voice:**

Yebo, lapho bema bayakuqaphela ngempela, futhi bazizwe sengathi bayakukweleta kancane. Ngike ngaba nezithandani ezalalela imizuzu eyi-10 zabe sezifaka Amarandi ayi-1000 ebhokisini lami lesiginci. Kanjalo nje!



**Male isiZulu voice:**

U-1000 wamarandi!

**Female isiZulu voice:**

Yebo – okwabakuhle kakhulu ukuthi, ngaba nethuba lokubabonga. Iningi labantu linginika imali bese lisheshe lidlule. Uma bema bese belalela, kukhombisa ukuthi bayakuthanda engikudlalayo.

**Male isiZulu voice:**

Ngibonile ukuthi uhlale ushiya izinhlamvana zemali ezimbalwa epotimendeni lakho.

**Female isiZulu voice:**

Yebo. Isayikholoji! Akufanele kubukeke sengathi ngenza kahle kakhulu hleze benganikeli! Ngifuna abantu bathande umculo, bese befuna ukungisiza. Kepha abaculi abadlalela imali ezitaladini ababona abakhongozeli – sinikeza insizakalo futhi abantu bakhululekile ukuyikhokhela uma bethanda.

**Male isiZulu voice:**

Ngakho-ke, kungumsebenzi...

**Female isiZulu voice:**

Yebo – futhi ngiyawuthanda. Futhi angibulawa yindlala – yize abanye abantu becabanga kanjalo. Kwake kwafika isalukazi esinomusa kimi sanginikeza isikhwanyana sephepha. Ngithe uma ngisivula ngathola uhhafu wesemishi kulo. \*\*

PAUSE 00'05"

**Female isiZulu voice:**

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from \* to \*\*

PAUSE 00'25"

Kuphela lapha ukuhlolwa.

This is the end of the examination.

**BLANK PAGE**

---

Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (UCLES) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

To avoid the issue of disclosure of answer-related information to candidates, all copyright acknowledgements are reproduced online in the Cambridge Assessment International Education Copyright Acknowledgements Booklet. This is produced for each series of examinations and is freely available to download at [www.cambridgeinternational.org](http://www.cambridgeinternational.org) after the live examination series.

Cambridge Assessment International Education is part of Cambridge Assessment. Cambridge Assessment is the brand name of the University of Cambridge Local Examinations Syndicate (UCLES), which is a department of the University of Cambridge.